

NguMongameli Dieter F. Uchtdorf
UMeluleki Wesibili KubuMongameli BokuQala



Impilo yoMfundisi

Eminyakeni engamashumi amathathu edlule eGhana, umfundisi wasekolishi osemusha obizwa ngoDoe wanyathela ngaphakathi kwendlu yokuhlangana yaleliBandla okokuqala. Umngani wakhe wayemumemile uDoe ukuba eze naye, futhi uDoe wayefuna ukwazi kabanzi ngaleli Bandla.

Abantu lapho babephathana kahle kangangoba wagcina esezibuza ethi, “Yisonto elinjani leli?”

UDoe wathinteka kangangoba wafisa ukwazi kabanzi ngesonto nabantu balo, ababegcwele injabulo eningi. Kepha, masinyane nje eseqale ukwenza lokho, umndeni nabangani ababengaqonde lutho olubi baqala ukumphikisa kakhulu. Bakhuluma izinto ezimbi ngeBandla futhi benza konke okusemandleni ukumshintsha umqondo.

Kepha uDoe wayesethole ubufakazi.

Wayenokholo, futhi wayelithanda ivangeli, elaligcwalisa impilo yakhe ngenjabulo. Ngakho-ke, wangena emanzini okubhabhadiswa.

Emuva kwalokho, wazinikela ekufundeni nasemthandazweni. Wazila ukudla futhi wafuna izimfundiso zikaMoya oyiNgcwele empilweni yakhe. Ngenxa yalokho, ubufakazi nokholo lukaDoe kwakhula ngamandla. Wagcina ekhethe ukuthunyelwa emsebenzini weNkosi isikhathi esigcwele.

Emuva kokubuya emsebenzini weNkosi, wezwana futhi wagana umfundisi naye owayebuya emsebenzini weNkosi—yena kanye owayemubhabhadisile eminyakeni edlule—kwathi kamuva bahlanganiswa babamunye eThempelini laseJohannesburg eSouth Africa.

Sekudlule iminyaka eminingi uDoe Kaku ezwa injabulo yevangeli likaJesu Kristu okokuqala. Kuleso sikhathi, impilo yayingahlezi inomusa kuye. Useke wezwa ubuhlungu benhliziyo nokuphelelwa yithemba, okunye okwaba wukulahlekelwa ngabantwana ababili—usizi lwalezo zehlakalo lusamhlupha namanje enhliziyweni yakhe.

Kepha yena nomkhwenyana wakhe, u-Anthony, bazamile ukuhlezi besondelene nokuba seduze noBaba oseZulwini, abamuthundayo ngenhliziyo yabo yonke.

Namhlanje, eminyakeni engu-30 angena emanzini okubhabhadiswa, uDade uKaku usanda kubuya emsebenzini weNkosi—kulokhu ubesebenza ndawonye nomyeni wakhe, owaye ngumongameli wemishini yaseNigeria.

Labo abamaziyu uDade uKaku bathi kukhona okukhethekile ngaye. Uyakhanya. Ngeke wachitha isikhathi naye ngaphandle kokuzizwa ujabulile nawe.

Ubufakazi bakhe buqinisekile: “Ngiyazi ukuthi uMsindisi ungibona njengendodakazi nomngani Wakhe (bheka ku Mosiya 5:7; Etere 3:14).” “Futhi ngizama kakhulu ukuba umngani Wakhe nami—hhayi ngalokho engikushoyo kuphela kepha nangalokho engikwenzayo.”

Singabafundi

Indaba kaDade uKaku icishe ifane neyabanye abaningi. Waba nesifiso sokwazi iqiniso, wenza lokho okudingekayo ukuze athole ukukhanya ngokomoya, wamthanda uNkulunkulu nabanye abantu, futhi wabhekana nobunzima nosizi.

Kepha noma kukhona ubunzima, noma kukhona usizi, wayelokhu ehleli okholweni. Futhi phezu kwalokho, wahlala enjabulweni yakhe. Wathola indlela yokuphila nobunzima!

Indaba yakhe icishe ifane neyakho neyami.

Akujwayelekile ukuba uhambo lwethu lube lula noma lungabi nakho ukuvivinywa.

Sonke siyakuzwa ubuhlungu benhliziyo, ukudumala nosizi.

Singaze sizwe sipehelelwa wugqozi futhi ngezinye izikhathi siphela amandla.

Kepha labo abaphila impilo yomfundi—abahlala bethembekile futhi abahlala okholweni; abathemba uNkulunkulu futhi begcina imiyalelo Yakhe;¹ abaphila ivangeli ngosuku nosuku nehora ngehora; abasiza abanye njengoKristu—yilabo izenzo zabo ezincane ezijwayele ukwenza umehluko omukhulu.

Labo abanomusa, abaxolelanayo, yilabo abayothula umusa.² Labo abenza lo mhlaba ube ngcono, ngesenzo esisodwa ngesikhathi sokunakekela nothando, futhi abazama ukuphila impilo ebusisekile, enelisayo, futhi enokuthula yomfundi kaJesu Kristu yilabo abazogcina bethole injabulo.

Bazokwazi ukuthi “uthando lukaNkulunkulu, oluzisabalalisa ndawo zonke ezinhliziyweni zabantwana babantu . . . luthandeka kakhulu ngaphezu kwezinto zonke . . . futhi luyintokozo enkulu emphefumulweni.”³

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LE MFUNDISO

1. Bheka ku Mosiya 4:6.
2. Bheka ku Mathewu 5:7.
3. 1 Nefi 11:22-23.

IMFUNDISO EVELA KULO MYALEZO

UMongameli Uchtdorf usifundisa ukuthi indlela yobufundi inzima kepha labo abaphila “impilo enokuthula yomfundi kaJesu Kristu yibo abazogcina bethole injabulo.” Njengoba uMongameli Uchtdorf exoxa indaba kaDoe ukutshengisa indlela umfundi weqiniso kaJesu Kristu angathola ngayo ukuthula nenjabulo noma kukhona izivivinyo zempilo, nawe ungacabanga

ukwabelana ngendaba evela empilweni yakho echaza isizathu sokuthi ukhethe ukulandela uKristu futhi noku-
thi usekuqinise kanjani. Ngesikhathi uholwa uMoya, ukwabelana ngezindaba zakho kungabaqinisa labo obafundisayo.

INTSHA

Injabulo njengoMfundi kaJesu Kristu

Uke waba nosuku olubi? Wenzani ukuze ujabule? UMongameli Uchtdorf uyazi ukuthi “sonke sinezinhliziy ezibuhlungu, ukudumala, nezinsizi. Singazizwa singenalo ugqozi futhi ngezinye izikhathi singaphela amandla.”

Isixazululo sakhe kube yilokho akubiza ngokuthi “impilo yomfundi”: “hlala uthembekile futhi uhlale okholweni.” Ngesikhathi sihlezi okholweni, siyakwazi ukuthemba uNkulunkulu, sigcine imiyalelo Yakhe, futhi sisebenzele abanye—futhi sizwe injabulo kukho konke! Njengoba uMongameli Uchtdorf eshilo, “Labo abaphila impilo yomfundi . . . yilabo izenzo zabo ezincane ezijwayele ukwenza umehluko omkhulu.”

Cabanga ngokubhala uhla lwezindlela ongaphila ngazo impilo yomfundi. Njengesibonelo, ungabhala phansi ngokusebenzela omunye njengoku “siza umzali alungise isidlo santambama” noma ngokugcina imiyalelo njengoku “thandazela ukuba nesineke kulabo engizalwa nabo.” Ngokuzayo uma uzizwa udiniwe noma uphela amandla, khipha uhla lwakho, khetha okukodwa kwalokhu okubalwe ngenhla, bese uyakuzama!

IZINGANE

IziKhathi zeNjabulo nezokuDabuka

Ezinye izinsuku zinezikhathi ezingenayo injabulo. Futhi lokho kulungile. UJesu angakusiza udlule kuzo.

Dweba ubuso obukhombisa ukunyukubala. UJesu angakusiza kanjani uma udabukile? Manje dweba ubuso obumoyizelayo. UJesu angakusiza kanjani ukuba ujabule?



Ukholo Umndeni
Insizakalo

Ukuphila Impilo Engcwelisiwe

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukwazi ngenhloso yeNhlango Yabesimame Yenkululeko kuwalungiselela kanjani amadodakazi kaNkulunkulu ukuba athole izibusiso zempilo engunaphakade?

“Ukungcwelisa ukuhlukanisa noma ukunikela into njenge-ncwewe,” kusho iGosa D. Todd Christofferson womGwamanda wabaPhostoli abayiShumi namBili. “Impumelelo yangempela kulempilo wukungcwelisa izimpilo zethu—okusho izikhathi zethu nalokho esithanda ukukwenza—ukuze sifeze izinhloso zikaNkulunkulu.”¹

IGosa Neal A. Maxwell (1926–2004) womGwamanda wabaPhostoli abayiShumi namBili wathi, “Sivame ukucabanga ngokungcwelisa njengokunikela kuphela, uma siholwe kuNkulunkulu, izinto zethu eziphathekayo. Kepha ukungcwelisa okukhulu ukuzinikela thina uqobo kuNkulunkulu.”²

Ngesikhathi sizinikela thina ukuze kufezeke izinhloso zikaNkulunkulu, ukholo lwethu kuJesu Kristu nakwiNhlawulo Yakhe luzokhula. Ngesikhathi siphila impilo

engcwele, singenziwa sibe ngcwele ngalezo zenzo.

UCarole M. Stephens, uMeluleki wokuQala kwiNhlango Yabesimame Yenkululeko, wathi: “IGosa Robert D. Hales wasifundisa wathi, ‘Uma senza futhi sigcina izivumelwano, siyaphuma emhlabeni singena embusweni kaNkulunkulu.’

“Siyaguqulwa. Sibukeka sihlukile, futhi senza okwehlukile. Izinto esizilalelayo nesizifundayo nesizisho-yo zihlukile, futhi nesikugqokayo kuhlukile ngoba siba amadodakazi kaNkulunkulu azibophezele kuYe ngezivumelwano.”³

Ukungcwelisa isivumelwano uNkulunkulu asenza “nendlu ka-Israyeli; Emva kwalezo zinsuku,” kusho iNkosi, ngiyakufaka umthetho wami ezibilinini zabo, ngiwulobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe

ngabantu bami” (Jeremiya 31:33). Ukuphila impilo engcwelisiwe kuhambisana nesu likaNkulunkulu analo ngathi.

Eminye imiBhalo eNgcwele

1 Thesalonika 1:3;

IMfundiso neziVumelwano 105:5;

reliefsociety.lds.org

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LE MFUNDISO

1. D. Todd Christofferson, “Reflections on a Consecrated Life,” *Liahona*, Nov. 2010, 16.
2. Neal A. Maxwell, “Consecrate Thy Performance,” *Liahona*, July 2002, 39.
3. Carole M. Stephens, “Wide Awake to Our Duties,” *Liahona*, Nov. 2012, 115–16.

Cabanga Ngalokhu

Kusiza kanjani ukungcwelisa izimpilo zethu eNkosini ukuba sibe njengaye?